



Ukunakekela kulesi sikhathi se-CORONA



Ukunakekela labo abasinakekelayo

Bonke abantu abasebenza emitholampilo yethu nasezibhedlela bayakudinga ukunakekelwa. Basebenza phambili ukuze thina sihlale siphephile. Bakhathele futhi bakhathazekile. Nazi izindlela nathi esingabasiza ngazo.



Siza ngokudla

- Baphekele ukudla.
- Babuze ukuthi ngabe yini abayidingayo kuleso sibhedlela noma umtholampilo wangakini njenge tiye, ikhofi noma amabhisikidi.
- Bashiyele ukudla esangweni uma uvela ukuyokuthenga esitolo.



Khombisa ukuba nesihawu

- Sonke kumele sizejwayeze ukungasondeli kakhulu kwabanye abantu ukuze silwe nokubhebhethaka kwaleligciwane. Kodwa futhi singakhombisa ukuba nesihawu ngezinye izindlela.
- Thumela umlayezo okhombisa ukubeseka labo abanakekela umphakathi wakini.



Obaba babalulekile

Iningi labantu abasebenza kwezempilo abantu besifazane. Kubuye kube yibona futhi abanakekela ezabo izingane nemindeni yabo emakhaya.

- Bobaba, sicela nizinikele kakhudlwana nani ekunakekeleni izingane nokusiza ngeminye imisebenzi yasendlini.
- Sizani izingane zenu ngomsebenzi wesikole nakweminye imisebenzi yasendlini okumele ziyenze.



Thola iminingwane eyiqiniso

Abanakekeli bezempilo abaningi baphonswa ngemibuzo imihla namalanga. Thola iminingwane eyiqiniso, neyakamuva ngokwakho kulemithombo ebhalwe ngezansi.



Kuyo yonke imizamo yenu yokunakekela nikhumbule nokubamba iqhaza ekulweni nokubhebhethaka kwaleligciwane le CORONA.



Geza izandla zakho njalo.



Ungasondeli kakhulu kwabanye abantu.

Ungazibambabambi ebusweni.